



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMHLANGANWENI WAMASU AMASHA MHLAKA 28 NOVEMBER 2007.**

Nginyanibingelela

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzibophezele ekusebenzeni ngokuxhumana nabantu ukuze kuthathwe izinqumo ezifanele mayelana nezidingo okumele zibekwe phambili, noma kwezokuthuthwa komphakathi noma kwezokuphepha emgwaqeni noma ekwakhiweni kwemigwaqo.
- Inhloso kahulumeni wethu wentando yeningi ngukuba nentuthuko esekeleke kubantu neqhutshwa yibona abantu uqobo. Yikho lokhu esigxile kukona eMnyangweni wethu uma siletha izidingo. UMnyango unezinhlaka zokuxhumana nemiphakathi ukuze kukhuthazwe ukusebenza ngokuvulelekile, kubandakanywe abantu, kuxoxiswane nemiphakathi ngentuthuko yawo.
- Phakathi kwalezo zinhlaka kukhona amaCommunity Road Safety Council (CRSC), Rural Road Transport Forums (RRTF), KwaZulu-Natal Taxi Council (KwaNataco), KwaZulu-Natal Bus Council (Kwanabuco) namaPublic Transport Passenger Associations (PTPA).

- Ngakho-ke, umuntu uyajabula ngokuba yingxenye yalo mhlango wokucobelelana ngamasu azosakha emkhakheni wezokuthutha, okuhlanganisa ukucwaninga, ukuxhumana ngezinto okumele zenziwe ekuphuculeni ukulethwa kwezidingo, ukwakhiwa kwemigomo yezokuthutha, ukusetshenziswa kwezobuchwepheshe nokusetshenziswa kweminye imibono eyethulwa kulo mhlango ezinhlelweni ezenziwa uMnyango wezokuThutha esikhathini esizayo.
- Ukuthuthuka emkhakheni wezokuthutha nokukhula kwezobuchwepheshe kuhlale kudinga amasu amasha azosisiza ukuthi senze ngcono futhi sihlale siphambili ngokulethwa kwezidingo. Bheka nje emlandweni – kwaba namahashi; amasondo agingqwayo, izinqola ezidonswa amahashi, imoto, ibhanoyi, isitimela esigijima kakhulu, nezimoto ezonga amandla. Konke lokhu kukhomba ukuthi umkhakha wezokuthutha usabalele futhi uhlale udinga amasu amasha njalo.
- Uhulumeni wethu wentando yeningi udinga amasu amasha okubhekana nezinselelo zeBEE, ukulethwa kwengqalasizinda nokulwa nobubha. Nokho, ukuhambela kwethu emazweni aphesheya sekusihlomise kakhulu ngezindlela zokulwa nobubha nezokulwa nezingozi zomgwaqo.
- Njengamanje uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuhlonishwa kakhulu ngezinhlelo zawo ezivelele. Siyazi sonke ukuthi sezithathwe kanjani izinhlelo zethu ezinjengoZibambeke no-Asiphephe nezinye zasabalaliswa kuzwelonke, lapho uZibambeke ethole ukuhlonishwa njengohlelo oluhamba phambili emisebenzini ye-EPWP.

- Sesithole uhlelo oluyisimanga lokulwa nobubha eCuritiba, eBrazil, lokuqoqa imfucuzo bese ishintshaniswe ngokudla, olubizwa ngokuthi udoti ongewona udoti, (Garbage that is not Garbage). Lolu hlelo salubona lungaba yimpumelelo ekulweni nobubha kuleli lizwe. Luphinde lwemukelwa nayiKhabhinethi yesifundazwe noMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi kuzwelonke.
- Unyaka wezimali ka-2006/07 usifundisile njengoMnyango ukuthi kumele siqinise izinhlelo zokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni, sibe siqhubeka futhi nokuqinisa ingalo yomthetho. Izingozi emigwaqeni, ikakhulukazi ukwenyuka kwesibalo sabahamba ngezinyawo abafayo, yizinto ezisikhathaza kakhulu.
- Njengamanje sisemkhankasweni onzima wokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni ukuze kuqine izindlela zokuxhumana nokuthi kuguqulwe imiqondo yabahamba ngezinyawo. Sesisebenzisana nosaziwayo njengoDJ namaqembu ebhola eniwathandayo abasisiza ukusabalalisa umyalezo wokuphepha emgwaqeni.
- Lapha KwaZulu-Natal, ibhola lezinyawo lihlale liyindlela yokuhlenganisa abantu. Ukuza kweNdebe yoMhlaba ka-2010 nako sekulikhuphule kakhulu isasasa lebhola, kwakhula kakhulu nesibalo sabalandeli bebhola esifundazweni, kuwo wonke amazanga emphakathini.
- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal nabadlali bamaqembu abambe iqhaza – Amazulu, iGolden Arrows, iKaizer Chiefs ne-Orlando Pirates – bazosabalalisa umyalezo wezokuphepha emgwaqeni emidlalweni ethile yePSL KwaZulu-Natal, nasemidlalweni yebhola yamaqembu asemiphakathini ezindaweni ezinezingozi nasezinxanxatheleni zezitolo, emathaveni nasezikoleni.

- Sengiphetha, ngithanda ukubonga bonke ababambe iqhaza kulolu hlelo ngokuletha imibono yabo. Noma ngabe wena ucabanga ukuthi muncane kanjani umbono wakho, uMnyango wezokuThutha uyawudinga ukuwuzwa. Futhi ningakhohlwa ukuthi leyo mibono yenu inokuphenduka ibe izinhlelo zethu ezizokuba negalelo emiphakathini yethu.

- Mangigcine ngokuthi, njengoba sesingena esikhathini senjabulo kaKhisimusi nje, masikhumbule lokhu:
 - Bheka kwesokudla, bheka kwesokunxele, bheka kwesokudla futhi ngaphambi kokuwela umgwaqo.
 - Kuyingozi futhi kuyicala ukuhamba ngezinyawo emgwaqeni onguthelawayeka.
 - Gwema umgwaqo njalo uma udakiwe.
 - Bonakala, uphephe. Gqoka izingubo ezigqamile, ikakhulukazi ebusuku.
 - Hamba ubheke izimoto ophambana nazo.
 - Phila wenze nabanye baphile.

Ngiyabonga